

# PULA IMVULA

GROWING FOOD • PEOPLE • PROSPERITY

INCWADI YEPGP YABALIMI ABASAKHULAYO



*U-William Raphoto, umLimo woNyaka ka-2023 kwa-Grain SA/Absa/John Deere Financial New Era Commercial.*



## ABALIMI ABASEBENZA KANZIMA *babungaza impumelelo yabo*

**E**LNYE LEZINSUKU EZIMIBALABALA EKHALENDENI YE-GRAIN SA, OWENZIWA NGOMHLA KA 20 SEPTEMBA E-NAMPO PARK. USUKU LOMGUBHO ALIHLANGANISI KUPHELA IZINHLOBO EZINOTHILE ZODWA ENINGIZIMU AFRIKA, KODWA UHLANGANISA NOGQOZI LWEZOLIMO OLUKHONA EMPAKATHINI WABALIMI BAKULE LIZWE.

Inhoso yokugubha lo mkhosi ukudlulisa ukubonga abalimi abasafusa phecelezi *emerging farmers* abayingxenye ye-PGP phecelezi *Farmer Development Programme* nokuthi ubani ophuma phambili emikhakheni yabo eyahlukene.

Ukulungiselela lo mcimbi amajaji aqhuma kulo lonke izwe laseNingizimu Afrika ezokhetha abafinyelele kumafayineli emikhakheni eyahlukene. Emalungiselelweni alo mcimbi.

U-Derek Mathews, usihlalo we-Grain SA, uhalalisele bonke abangamafayineli nabaphume phambili, abathi kudingeka baziwe abalimi abasendimeni yabo noma kuyisomiso noma kunemvula. 'Ziqhene ngokuba umlimi futhi usebenzise onke amathuba. Hlala uzinikele futhi sisonke sizokhula,' ephetha.

### IPHROGREMU

Umholi wentuthuko yabalimi kwa-Grain SA, u-Dr Sandile Ngcamphalala noJeremia Mathebula, ongusekela sihlalo kwa-Grain SA, balontsha iPhahama Grain Phakama (PGP) ngesikhathi somcimbini. I-PGP umkhakha ozimele kwa-Grain SA futhi wenza okukodwa kwamayunithi ebhizinisi ayingqikithi yenhlango. Inhoso yale phrogramu ukuhlomisa ibhizini ngalinye lezolimo ekuze lizimele ngokwalo kanye nokwenza uxhaso olukhulu enhlosweni yezwe emkhakheni wezolimo obumbene nenqubekela phambili.

Omele abaxhasi, u-Dr Langelihle Simelane (imenenja yezkuthuthukiswa kwamabhzinisi: I-Absa AgriBusiness Centre of Excellence), USakhumziMay (Imenenja yesigungu ebambile I-Agricultural Economics and Advisory, Landbank), U-Dr Nolwazi Mkize (umholi ongumlawuli we-Afrika, i-Bayer), u-Diale Tilo (umqondisi esigungwini, Isikhwama seNtuthuko iKgodiso) phecelezi (iKgodiso Development Fund), u-Fortune Mathiba (imenenja yomsebenzi kwaJohn Deere Financial), U-Andries Wiese (Hollard Insure) noMarthinus Loock (umphathi omkhulu: I-AgriBusiness e-Standard Bank) bakhulumha ngokushintshana mayelana nokubaluleka kokuthuthukiswa kwabali kanye nokwenziwa yilezi zinhlangano okudlalwa ngokubambisana ne-Grain SA.



Abalimi abasebenza...

## ABAWINILE KE YILABA...



1

*1: Umlimi woNyaka kumamafayineli emkhakheni we-Subsistence Farmer (isithombe kwesokudla) kwaba uThabiso Mthwayi, uBeauty Gumbi Busisiwe noPortia Msibi. Bonke bathola isipho kwa-Backsaver Farming Equipment. Owinile-Portia uhalaliselwa uDerek Mathews.*

### UMLIMI WONYAKA WE-GRAIN SA SMALLHOLDER

UNkosinathi Hadebe, ulima emhlabeni olinywa ngokuhlanganyela eNewcastle KwaZulu-Natal. Lona owayeyiphoyisa ulima ummbila futhi ufuyle kanti abazali bakhe abamfundisa ukulima. Wajoyina i-Grain SA study group ngo-2019 futhi waqala ngo-2 ha yommbila kusukela lapho wakhulisa waya ku-15 ha esebezisa amathulusi akhe. UHadebe urenta u-230 ha womhlaba oyidlelo lemfuyo yakhe.



3

*3: Kowamafayineli emkhakheni we-Smallholder Farmer wonyaka kwaba u-Amos Mahlangu, uNkosinathi Hadebe kanye noSiphiso Mahlinza. Izihlathi zavakashela izindlebe kowinile, uNkosinathi Hadebe-obehamba nonkosikazi uSibongile.*

### I-GRAIN SA/ABSA/JOHN DEERE FINANCIAL SUBSISTENCE FARMER OF THE YEAR

UBusisiwe Msibi ulima emhlabeni oseduze kwaseVolksrust. Wajoyina i-Phrogrammu i-Beyond Abundance yakwa-Grain SA eminyakeni eyishi-yagalolunye edlule. Ngesizini ka-2022/2023 watshala ummbila ku-3 ha nobhontshisi owomile ku-0,5 ha. Ekhaya kwaMsibi kulindeleke ukuthi bavune isamba sommbila wesivuno esilinganiselwa ku-14 wamatshisa.

*2: Abakufayineli kowe-Potential Commercial yoMlimi woNyaka uPhilani Khoza, uZoliwe noMbewu noKopano Lentswetshipi. Nang ke uPhilani owinile uthokoze kakhulu umamathekela umndeni wakhe nabangani.*



2

### UMLIMI WONYAKA KWA-GRAIN SA POTENTIAL COMMERCIAL

UPhilani Khoza wakwaDukuza kwa-KwaZulu-Natal, izitshalo zommbila nobhontshisi isoya. Wajoyina i-Grain SA ngo-2014 nangephrogrammu yokwelulaka, aqale ukutshala u-1 ha esekukhule kwaba u-82 ha. Izinhlelo zangomuso ukukhulisa amahektha engenisa inzuko futhi okwamanje urenta eduze kwase-Bergville futhi udinga indawo yakhe.

*Izithombe nguLizel Snyman.*






4

**4: Abathathu abangene ku-mafayineli emkhakheni wo-Mlimi woNyaka we-New Era Commercial kwaba u-William Raphoto, Bothlale Tshabalala kanye noLuvuyo Mbutho. Umlimi woNyaka ka-2023 i-New Era Commercial ibu-ingaza nemenerja yentuthuko esifunden. U-Du toit van der Westhuisen. Esandleni sakhe ukhiye we-John Deere 5075E ugandaganda wokusebenza omusha ceke.**

#### **UMLIMI WONYAKA WE-GRAIN SA/ABSA/ JOHN DEERE FINAN- CIAL NEW ERA COMMERCIAL**

U-William Raphoto wa-hamba nomhlomulo omkhului kanye ne-John Deere 5075E entsha ceke njengomklomo. Ulima ummbila nobhekilanga ku-510 ha (u-210 ha umhlaba wakhe) eduze kwase Lichtenburg eNyakatho neNtshonalanga. U-William waba yilungu le-Grain SA ngo 2005 futhi wajoyina i-500 Ton Club kulo nyaka.



5

**5: UJeremia Mathebula no-Dr Sandile Ngcamphalala bayahalilselana ngempu-melelo yabo yokulo-ntsha i-PGP. ■**

**Ezinye izithombe  
zalo mcimbi  
zisekhasini 8.**



**U-VALERIE CILLIERS, UMHELI,  
WE-SA GRAAN/GRAIN**



## **IZWI (LOKUGCINA) LIKA...**

*Jenny Mathews*

**K** USEKUPHELENI KONYAKA FUTHI KUBALIMI ABANINGI BOKUSAHLAMVU EZWENI LONKE UKUQALA KWESIZINI ENTHA YOKULIMA. KIMINA, UKUPHELA KWESIZINI!

Emva kweminyaka eyi-18 yokuzibandakanya ne-Grain SA, manje seyisikhathi sokuthi ngigxile kwezinye izinto. Enhliziyweni yami kugcwele wonke umcebo wolwazi engiluthole ngenxa yokuzibandakanya kwami. Ngibonga amathuba engaba nawo okuhlangana nethimba labantu abazinikele kwaGrain SA, abazisa baphinde bhole abalimi nentuthuko.

Abalimi abasebenza kanzima ezweni lonke bangifikela ugqozifuthi bangenza ngaba nentshisekelo ngentuthuko emkhakheni we-zolimo. Ngibhale amaripoti, ama-athikhile kanye namamanwali. Ngisebenze njengejaji loMlimi woNyaka phecelezi *Farmer of the Year* futhi ngakuthola kunzima kakhulu ukukhetha ophume phambili phakathi kwabenze kahle kakhulu – ngoba abalimi abanigi benza kahle kakhulu kulokho abakwenzayo. Ngakhulumu ngezindaba ezi-afektha abalimi abasafufusa futhi ngaze ngakhulumu nanosopolitiki nabanye benu ngabatshela ngezidingo zethu.

Ngifundisile – kodwa ngifundiswe kakhulu!

Eklasini lami nganginephosta odongeni enalamagama akhuthazayo: ‘Usuku ngalunye ungalujaji ngesivuno osivunile kodwa ngembewu oyitshalayo,’ Umsebenzi wokuthuthukisa awukho lula. Ngokuvamile kuba yizinyathelo ezimbili eziya phambili bese kuba yisinyathelo esisodwa esiya emuva. Kanangi kukhona ama-jenda afihliwe, ipolitiki nomona kuvimbela izinto ezinhle ezenzekayo. Amandimandi entuthuko ayaguquka futhi uguquko lunzima. Kodwa ushntsho nalo luhle, futhi uguquko lungcono kakhulu!

Yisikhathi sokuthi abalimi ezindaweni zonke emiphakathini elima okusahlamu bangene, bathole ulwazi futhi bakhulume. Balimi, niyacelwa sebenzisani imigudu yokuxhumana futhi niqinisekise ukuthi niyezwakala! Khulumelani i-Grain SA/Phahama Grain Phahama. Tshelani abenzi bengqubomgomu nabenza izinqumo mayelana nokuziphatha ne-value yePhrogrammu eThuthukisa abaLimi. Battsheleni ukuthi ubani enifuna ukubambisana naye kulolu hambo lwentuthuko! Njengokusho kuka-Martin Luther King: Izimpilo zethu ziqala ziphele mhla sithula singakhulumi ngezinto ezibalulekile.’

Ngibonga amathuba okusebenzela abalimi bokusahlamu bezwe lethu. UNkulunkulu asibusise nomsebenzi wezandla zethu.

**– U-Jenny Mathews usebenze kwi-Farmer Working Development Group kusukela ngo-2005 kuya ku-2023, ube ngusihla wayo iminyaka eyisikhombisa. Uxhaso Iwakhe kwiPula lu-zokhumbleka. ■**



# Hiola isimo somzimba wenkomo

**-SCORE SESIMO SOMZIMBA WENKOMO PHECELEZI BODY CONDITION SCORING (BCS) YENKOMO KUVUMELA ABALIMI UKUBA BAHLOLE AMAFUTHA EGCINEKILE EZINKOMENI NGEZIKHATHI EZAHLUKENE ZEZIGABA ZOKUKHQIZA. UMA IHLOLWA NGEZIKHATHI EZITHILE ZOKUKHQIZA, LO LWAZI LUNGASETSHENZISWA EZINQUMENI ZOKULAWULA NEZOKONDLA. INHLOSO YE-BCS UKUTHOLA ISILINGANISO ESILULA NESETHEMBEKILE SEZINGA LAMAFUTHA AGCINEKILE EMZIMBENI WEZILWANE EZIPHILAYO.**

Kubalulekile ukuthi umlimi engawasusi amehlo ezinkomeni zakhe futhi achithe isikhathi emhlanjini wakhe okuze azigcine zikhuluphele, kodwa ngabe yini okufanele ibhekwe umlimi uma ephakathi kwezinkomo zakhe? Into ebalulekile okufanele uynake ukuthi isisungasinye semfuyo sigcweli nokuthi futhi besigcweli nayizolo. Lokhu kubaluleke kakhlulu, njengoba okondla ngokwanele kuzoholela ekukhqiqwani kwamankonyane. Ngakho ke kubalulekile ukubheka i-BCS ngoba lokhu kuyamsiza umlimi okuze akwazi ukulandelela ukuthi kwenzenkeni unyaka wonke.

## UKONDLA NOKUMENENJA

Abalimi bezinkomo bengabheka i-BCS ukuze balawule kahle ukondla nokuphatha, okuzoqinisekisa ukuthi ukuzalanisa izinkomo kusesimeni esifanele ezigabenzi ezahlukene zomjikelezo wokukhqiqa. Izinyathelo ngakho ke zingathathwa zizoguqula izimo zezinkomo ezingekho esimeni esihle ezigabenzi ezibucayi. I-Scoring ingenziwa kalula lapho ukukala kungakwazi ukwenzeka noma kungenzeki.


Ubuchwepeshe bufundwa kalula futhi sisebenza kalula kokuphathekayo njalo ngomuntu oyedwa emhlanjini owodwa iminyaka eminingi. Ukusebeniza ubuchwepeshe ikakhulukazi izithombe zezinkomo njalo kungasiza ekuboneni izinguquko enkomeni.

## I-BCS YEZINKOMO ZENYAMA

Izinhlobonhlobo ze-BCS yezinkomo zenyama zinezinkinga eziningi eziphatheskayo. Isimo sezinkomo ezinamankonyane kuhambisana nokuncelisa kwenkomanzi ngayinye, kanye nempilo yenkonyane elingumvemve. Izehlakalo zobunzima bamankonyane buyakhula ezithokazini ezikhuluphele ngokweqile, nakuba isimo sivame ukudlula esilinganisweni njengembangela yobunzima ezinkomanzini ezindala.

Kodwa, isimo sezinkomo ngesikhathi sokuzalanisa kuphazamisa umsebenzi wazo wokuzala ngokwezimo zemisebenzi eminingi ofunekayo ngesimomqondo ngasinye, izikhathi zokuncelisa kanye nephe-senteji yezinkomanzi ezingamithi ngesizini yokuzalanisa.

Izinombolo ezisetshenizswa kusistimu ye-BCS ukuchaza ukukhuluphala okufanele noma ukwakheka komzimba wenkomanzi. I-scoring





Amaphuzu okuhlola i-asayimenti BCS.

ing sistimu yezinkomo zenyama inohla olusukela kokukodwa kuye kokuyishlanu, okukodwa kumele izinkomanzi ezizace kakhulu kanti isihlanu simele izinkomanzi ezikhuluphele ngokweqile. Inkomanzi ene-BCS entathu isuke isesimeni esi-avareji. Ukuhlola kugxila emgodleni, ezimbanjeni amathanjeni asenqulwini, i-rump, pin bones, i-tailhead nasemlenzeni, njengoba amaphuzu okuhlola asetshenziswa ekwabeni incazeloye-BCS eSithombeni 1.

## Bheka lokhu okulandelayo uma wenza i-scoring yesimo somzimba wezinkomanzi (bheka ufiga 1 no-2):

- Umgogodla: Ngabe uflethi noma uneqquma? Iyabonakala noma kuzwakala izifixa kalula?
- Izimbambo ezinde: Ungazibona noma uzipwa kalula izimbambo? Uma zibonakala, zingaki ongazibona?
- Izimbambo ezimfushane: Ungazibona izimbambo ezimfushane? Zizwakala kanjani? Ngabe izimbambo zicijile noma ziyindingilizi?

Izinkomo izizacile zibukeka zikhaliophile, ingoni ecijile phecelezi angular nezace kakhulu, kanti izinkomanzi ezikhuluphele zibukeka zibushelelezi.



**Ufiga 1: Imihlahlandela yokunquma nge- BCS ngebhakubhaku lwesembozo zamafutha.**

Umthombo: <https://www.pakdairyinfo.com/bcs.htm>

- Amathambo engqulu: Ngabe amathambo engqulu ayindingilizi noma anengoni ecijile phecelezi-angular?
- Iqolo: Yindawo ephakathi kwe-pins namathambo engqulu, iflethi, yisigobhe libocokele?
- Ama-Pin bones: Ngabe acijile, i-'tap-like noma liyindingilizi?
- I-Tailhead: Ngabe ikhona indawo ebocokile phakathi kwe-tail head nama-pin bones? Ngabe u-V ojulile noma engashonile phansi eyisimo sika U?
- Umlenze: Ngabe leyo ndawo ihlehliseleke phakathi, okuflethi noma okuyindingilizi? Ngabe isakhwi semasela sivele kahle?


Le sistimu ilula kakhulu: Izinkomo izizacile zibukeka zikhaliophile, ingoni ecijile phecelezi angular nezace kakhulu, kanti izinkomanzi ezikhuluphele zibukeka zibushelelezi.

Ngokuqhathanisa i-BCS entsha ne-BCS yaphambilini, uguquku lungalinganiswa nezinyathelo zezungiso kungaqaliswa uku-implementwa. Ukuguqula ama- ukulangazelela ukudla noma izinkambu kungaba nomthelela omkhulu ku-BCS ekugcineni ngokwamaphesenti amankonyane. I-score sesimo somzimba sokukodwa noma okubilizokwenza ngcono ngokuba ufake ummbila kwinhlanganisela yokudla.

Khumbula ukuthi umuzwa wenhlizyo noma ukwemitha emva kwesikhathi kungenza imfuyo ibukeke ikhuluphele kunalokho okuyikhona.

Abalimi kufanele bahlose ukugcina i-BCS yezinkomo iphakathi kokibili nokune, ngenhloso yokuthathu. Uma lokhu sekwenziwe, izinkomo zizokhiquiza amankonyane futhi inkomo ngayinye ingaba nobisi olwanele ukukhiquiza amankonyane amahle engasanceli. Isimo somzimba, ikakhulukazi ngesikhathi sokuba namankonyane, konomthelela omkhulu emiphumeleni emisebenzini yezinkomanzi ezinamankonyane.

Thatha isikhathi esingaba unyaka wenza isimo se-score somzimba wemihlambi yezinkomanzi (noma ingxenye ethile emele umhlambi) ngesikhathi sesizini. Lokhu kuzokusiza ukuba wenze izinqumo eziphusile mayelana nokuyekisa ukuncela, i-supplementation, ifolishi nokunye ukulawula okungaba nomthelela esimeni somzimba.



**Ifiga 2: Imihlahlandela ye-score sesimo somzimba.**

Umthombo: [https://www.researchgate.net/figure/Cattle-body-condition-scoring-system-Anon1994-Body-condition-scores-BCS-of-1-5-were\\_fig14\\_267948147](https://www.researchgate.net/figure/Cattle-body-condition-scoring-system-Anon1994-Body-condition-scores-BCS-of-1-5-were_fig14_267948147)

Ukuthatha izinyathelo ngaphambi kwasikhathi kungabasiza abalimi ukuba bagcine izinkomanzi zabo zinomzimba osesimeni esifanele sezomnotho, kuvumela umsebenzi ukuba uthole amandle omsebenzi ophezelu kakhulu. ■

**U-PIETMAN BOTHA, UMELULEKI OZIMELE KWEZOLIMO**



# UkuBHEKA NGOKUJULILE ummbila wesizini edlule

**E**NDAWENI ENKULUKAZI EKHIOIZA UMMBILA, ISIKHATHI SESIZINI YOKUTSHALA SESIDLULILE AKE SIBHEKE EMUVA KWISIZINI YOMMBILA KA-2022/2023.

Uma sibheka emuva kule sizini, amasizini edlule amane azoqhathaniswa futhi ancishiswe abe yizigaba ezimbili.

- Isigaba sokuqala sizogxila ekwenziweni kwesaplayi nedimandi, ngokubandakanya lokhu okulandelayo. Isitoko sokuvula, isitoko sokuvala, isamba sesaplayi, isamba sedimandi nesitoko sokusebenzisa iphesentji.
- Isigaba sesibili sizogxila kakhlulu ekuphrosesini ummbila kanye nokuthunyelwa kwamanye amazwe, okubandakanya okuthengwa

abantu, okudliwa yizlwane/imboni nokuthunyelwa emazweni angaphandle. Inhloso yale-athikhili ukukala amandla alonyaka kulo nyaka uma kuqhathaniswa nokweminyaka emine edlule.


## IDIMANDI NESAPLAYI

Igrafu 1 uchaza ngedimandi yommbila kanye nokwenziwayo ngokwemigomo yesitoko sokuvula (ibha e-b/ue), isamba sesaplayi (ibha esawolintshi), isamba sedimandi (ibha ephuzi) isitoko sokuvala l-bha e-light blue) kanye nesitoko esizosebenzisa iphesenteji njengolayini oluhlaza okotshani.

Ukuqhathanisa isitoko sokuvula kanye nesitoko sokuvala, kucacile ukuthi kunesimo sokukhula kusukela ngesizini ka-2020/2021 ukuya phambili kuze kube u-2022/2023. Le simo nakho kuyabonakala

1


*Idimandi nesaplayi yommbila.*



Umthombo weenkukacha: SAGIS, NAMC, Grain SA

2

*Ummbila ophrosesiwe nothunyelwayo.*



Umthombo weenkukacha: SAGIS, NAMC, Grain SA





kusamba se-saplayi, kusukela kusizini ka-2019/2020 kuze kuye ku-2021/2022. Ngesizini ka-2022/2023, kuzoba isaplayi ephansi yenombolo ngenxa ezitshalo ezimbalwa futhi ngakho ke, ukuvula okuphansi nesitoko sokuvala sesizini ka-2023/2024.

Iqiniso elingephikiswe ukuthi iphesenteji yesitoko kufanele silinganiselwa ku-12% ukuthi akufanele kube nomthelela wokwehla kwentengo. Njengoba kungabonakala ku-Grafu 1, iphesenteji yesitoko esizosetshenziswa sngaphezulu kuka-20%, okusho ukuthi kunokukhiqizwa ngokwqeile kommbila futhi kufanele uthunyelwe emazweni angaphandle. Kulinganiselwa ukuthi isizini ka-2023/2024 ungaba nesitoko esizosetshenziswa esingamaphesenteji ayi-19%, okungayona into enhle uma kuqhathaniswa nomthetho weqiniso kodwa kungcono kuno-27% wesizini edlule.

**Kulinganiselwa ukuthi isizini ka-2023/2024**  
ungaba nesitoko esizosetshenziswa esingamaphesenteji ayi-19%, okungayona into enhle uma kuqhathaniswa nomthetho weqiniso kodwa kungcono kuno-27% wesizini edlule.

## OKUPHROSESIWE NOKUTHUNYELWAYO

**Igrafu 2** ichaza ngommbila ophrosesiwe nothunyelwayo okubandakanya okuthengwa abantu (i-bha e-blue), okudliwa yimfuyo/imboni (ibha ewolitshi) nokuthunyelwe (ibha empunga).

Kusukela kusizini ka-2019/2020, okuthunyelwo kuyakhula kuze kufika kwisizini ka-2022/2023, okuhambisana nesitoko ozosisebenza i-reysho kugrafu 1. Uma ereshyo yesitoko esizosebenzaa sasiphezulu kakhulu, okuthunyelwayo nakho kwaba phezulu kakhulu.

Kubalulekile ukuqaphela ukuthi ngesizini ka-2023/2024, okuthunyelwayo kulinganiselwa ukuthi kuzokwehla ngesitoko sereysho esebezayo ngenxa yesaplayi yommbila okulinganiselwa ukuthi izokwehla ibe phansi. Igrafu ikhombisa ukuthi okudliwa izilwane nezimboni sekuhlezi amasizini amahlanu, ngaleso sikhathi okudliwa abantu kuhlukana ngesizini nesizini.

## ISIPHETHO

Isizini ka-2022/2023 kube yisizini abe nezinselelo ngokwemigomo yokukhiqiza nedimandi, nakuba ireysho yesitoko okufanele sisetshenziswe sehlide. Ngokwekhontesti yommbila ophrosesiwe nothunyelwayo, kube ukuthunyelwa okufanayo nokwesizini edlule. Ngokwesizini ka-2023/2024 kulinganiselwa ukuthi okuthunyelwe kwamanye amazwe kulinganiselwa ukuthi okuthunyelwayo sokusaplaywayo kuzoba phansi, nakuba idimandi izohlala ifana, okuzokwenza isitoko esiphansi sephesenteji ezosetshenziswa. ■

*Oshicilelwani IweSingisi Iwe-Pula yale nyanga, skena nansi i- QR khodi.*



**U-JOHAN TEESSEN,  
USOMNOTHO OYI-  
INTERN, WE- GRAIN SA**



## Ithimba labahleli

**PHAHAMA GRAIN PHAKAMA: PRETORIA**  
PO Box 74087  
Lynnwood Ridge  
0040  
■ 086 004 7246  
■ www.grainsa.co.za

## UMHELEI OPHETHE

**u-Dr Sandile Ngcamphalala**  
■ 082 862 1991 ■ Ihlovisi: 012 943 8296  
■ sandile@grainsa.co.za

## UMHELEI UKWABA

**Liana Stroebel**  
■ 084 264 1422 ■ Ihlovisi: 012 943 8285  
■ liana@grainsa.co.za

## UPHATHINA WOKUSHICILELA

**INFOWORKS MEDIA PUBLISHING**  
*Isekela mhleli - U Louise Kunz*  
■ louise@infoworks.biz  
*Umholi wethimba - U Johan Smit*  
■ 082 553 7806 ■ Ihlovisi: 018 468 2716  
■ johan@infoworks.biz  
*Ukushicilela - U Elizma Myburgh, Jesseme Ross*



## Uhlelo IwePGP LokuThuthukisa amaFama

**ABAQONDISO BENTUTHUKO**  
**Jacques Roux**  
Empumalanga neFreystata (e-Bethlehem)  
■ 082 377 9529 ■ Jacques.rouxjr11@gmail.com

**Johan Kriel**  
ENtshonalanga neFreystata (e-Bloemfontein)  
■ 079 497 4294 ■ johank@grainsa.co.za

**Jerry Mthombothi**  
Mpumalanga (Mbombela)  
■ 084 604 0549 ■ Jerry@grainsa.co.za  
■ Office: 012 943 8289 ■ Smangaliso Zimbili

**Jurie Mentz**  
Mpumalanga/KwaZulu-Natal (Louwsburg)  
■ 082 354 5749 ■ jurie@grainsa.co.za  
■ Office: 012 943 8218

**Graeme Engelbrecht**  
KwaZulu-Natal (Dundee)  
■ 082 650 9315 ■ graeme@grainsa.co.za  
■ Office: 012 943 8287 ■ Nkosinathi Mazibuko

Phumzile Ngcobo (Umsizi ehhovi: Dundee)  
■ 060 477 7940 ■ phumzile@grainsa.co.za  
■ Office: 012 943 8287 ■ Nkosinathi Mazibuko

**MJ Swart**  
iNtshona-Koloni (Paarl)  
■ 072 090 7997 ■ mj@grainsa.co.za  
■ Office: 012 943 8285 ■ Hailey Ehrenreich

**Du Toit van der Westhuizen**  
North West (Lichtenburg)  
■ 082 877 6749 ■ duitoit@grainsa.co.za  
■ Office: 012 943 8290 ■ Lebo Mogatanyane

**Eastern Cape (Kokstad & Mthatha)**  
UCwayita Mpotyi (Umsizi ehhovi: Mthatha)  
■ 078 187 2752 ■ umthatha@grainsa.co.za  
■ Office: 012 943 8277

**IPULA IMVULA IYATHOLAKALA FUTHI  
NANGALEZI ZILIMI EZLANDELAYO:**  
IsiZulu, IsiNgisi, IsiTswana, IsiSuthu, nesiXhosa.

Articles written by independent writers are the views of the writers and not that of Grain SA.

THIS PUBLICATION IS MADE POSSIBLE  
BY THE CONTRIBUTION OF THE MAIZE TRUST



# NgoSuku IoMgubho ka-2023: Sasikhona!

